**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KUKAJUNI 2017**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESISHIYAGALOMBILI (GRADE 8) IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)**

**AMAMAKI: 100** **ISIKHATHI: 2 amahora.**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuphendula imibuzo.
- Phendula imibuzo kanjengoba uyalelwe.
- Bhala izimpendulo zakho ngolimi lwesiZulu.
- Qaphela isipelingi sakho.
- Hlela umsebenzi wakho kahle ubhale ngobunono.

## ISIQEPHU A : IMIBHALO EMIDE EDLULISA UMYALEZO

1. **Khetha incwadi eyodwa** kwezilandelayo ubhale ngayo ngamagama angama – 80 kuya kwayi -100.

   1.1. Bhalela umngane wakho enanifunda naye esikoleni samabanga aphansi umxoxele ngesikole sakho esisha samabanga aphezulu. **(30)**

**NOMA**

   1.2 Bhalela umalume wakho umcele ukuba akuthengele iselula noma Ithabhulethe ozoyisebenzisa esikoleni njengoba isikole sakho sesiqale ukufundisa ngobuchwepheshe betheknoloji. Mchazele ukuthi kuzokusiza kanjani ukuthola lokhu nokuthi umama wakho uthwele kanzima kanjani ngalokho akakwazi ukukusiza ngalokhu. **(30)**

**2.IMIBHALO YOKUZIQAMBELA EMIFUSHANE.**

Khetha isihloko **esisodwa** ubhale ngaso ngamagama ngama -60 Kuya kwangama – 80.

2.1. **ISIMEMO**

Abazali bakho bazokwenzela umcimbi wokugubha usuku lwakho lokuzalwa.Bhala **isimemo** esiya kubangani bakho ofisa ukuzojabula Nabo ngalolu suku. **(20)**

**NOMA**

2.2. **IPHOSIKHADI**

Ukhethwe ukuyomela isikole sakho emqhudelwaneni wezinkulumo mpikiswano (debate) kwelaseMelika.Bhalela abazali bakho

**Iphosikhadi** ubaxoxele ukuthi kuhamba kanjani. **(20)**

**NOMA**

2.3. **IDAYARI**

Abazali bakho banihlelele uhambo lokuvakasha **lwezinsuku** **ezinhlanu**

ngamaholide adlule.Bhala **idayari** yalokho ebenikwenza kulezi zinsuku.

**(20)**

**ISAMBA SESIQEPHU A: 50**

**ISIQEPHU B**

**ABABULALI BENYATHI.... R.Mzi Mngadi**

3. Khetha abalingiswa **abathathu** kulaba abalandelayo ubhale ngabo **amaphuzu amahlanu** umlingiswa ngamunye.

   3.1. uDuma
   3.2. uMaNgema
   3.3. uMbandlwa
   3.4. uShandu
   3.5. uDlamini
   3.6. uMaShezi (3 X 5 = 15)

4. Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo **Ngemisho ephelele.**

| | |
|---|---|
| **Shandu** | :Waze wasiyala uHulumeni ngale mithetho yakhe esikhweza abafokazana emakhanda amakhosi. |
| **MaNgema** | :Uqinisile baba, oDuma abasazikhohliwe bengamakhosi. Ngempela uDuma ungekhohlwe sekunguye inkosi kule ndawo. Kukhona nabantu asebemkhulekela. Eqinisweni nje, lo Hulumeni wayecabangeni nje aze ashaye umthetho onje? |
| **Shandu** | :*(ubuso buhwaqabala)* Kwakunani nje ukuthi bavotise abasemadolobheni kuphela? Thina makhosi basivikele ngokushaya umthetho othi masifundiswe ngokusebenzisana nabantu ekuletheni intuthuko. Buka nje manje, abantu sebenezimpawana zokuhlukana phakathi. Kukhona asebengibuka njengento engathi shu. Abanye bazonda uDuma egameni lokuthi usethathe isikhundla sami engasinikwa uMvelinqangi kanye nobabamkhulu. |
| **MaNgema** | :*(ahebeze ngezandla sakuphika)* Cha! Cha! Noma ngabe lo mthetho ushaywe ePitoli noma eKapa inkosi iyohlale iyinkosi. Angifundile okuyaphi kepha ngiyazi ukuthi ngaphambi kokushaya umthetho, kudingeka kube nocwaningo. Phela kumele bacwaninge ngosikompilo lwama-Afrika kuqala ze bakwazi ukushaya umthetho ongachithi okukhona ngoba bakwethu, kuse-Afrika lapha. |

4.1.Kukwabani isibongo salo muzi okuxoxa kuwo laba ababili? (1)

4.2.UShandu uqonde ubani ngalo ambiza ' ngomfokazana' kulesi siqephu? Bhala isibongo sakhe. (1)

4.3.Banazikhundla zini oShandu noDuma kulo mphakathi abahlala kuwo (2)

4.4.Yini edale lolu dweshu( ingxabano) phakathi kukaShandu noDuma. Bhala amaphuzu **amathathu.** (3)

4.5. UDuma wabekwa kanjani kulesi sikhundla akuso ngokwalo mdlalo? (1)

**[8]**

5.

| | |
|---|---|
| **Duma** | :Umhlangano womphakathi! Umhlangano womphakathi, ngoMgqibelo mhla ziyi-6 kuyo le-nyanga! Wozani esikoleni eNdabuzekwayo ngehora lokuqala emini! *(awuphindaphinde umyalezo)* |
| | **(Khona manjalo kuqhamuke induna uDlamini.)** |
| **Dlamini** | :*(ngokuthukuthela)* Hheyi! Hheyi wena, njengoba uklabalasa, uklewula nje, ngabe uyicelile imvume kuNdabezitha? |
| **Duma** | :*(akhulume ngombhobho. Uyachitha ngesandla sokhohlo)* Maye! Yimihlola yini? Ngicelile? Ngiceleni mina? Kanti mina ngakhethelwani? Kanti yini umsebenzi wekhansela? |
| **Dlamini** | :*(intukuthelo iyenyuka uze akhombe ngenduku)* Hheyi! Hheyi wena Duma ndini! Kanti ngubani inkosi yale ndawo? Akukhona elokishini lapha. Hamba uyokwenza intando yeningi ekhweni lakho KwaMashu, hhayi lapha! Thina sinenkosi esiphethe lapha. |
| **Duma** | :*(ayeke ukukhuluma ngombhobho kodwa nakuye yenyukele intukuthelo)* We Dlamini! Mina ngakhethwa ngabantu! Abantu sebakhuluma! Wena usaququbele ehlathini lokungazi! Ngiyeke ngenze umsebenzi wami mina. Abantu bafuna intuthuko. Khohlwa nduna! |
| **Dlamini** | :*(uthukuthele uyabila. Ukhomba uDuma ngenduku)* Uthini? Uthi ngikhohlwe? Wena awuzikhohliwe usuyinkosi! Empeleni ngubani inkosi lapha? Nguwe? |

5.1. Umhlangano omenyezelwa uDuma uzobe ungaluphi usuku lweviki? (1)

5.2. Kuzoxoxwa ngani kulo mhlangano omenyezelwa uDuma ? (1)

5.3. UDlamini kungani emlwisa uDuma ngokumemezela lo mhlangano? (1)

5.4. Kungabe uDlamini unayo inhlonipho ngendlela akhuluma ngayo noDuma? Yebo noma Cha , sekela impendulo yakho. (3)

5.5. Usho ukuthi uDuma ngokuthi uDlamini ' usaququbele ehlathini lokungazi' (2)

5.6. Bhala izinto **ezintathu** eziyintuthuko okwakuzoxoxwa ngazo. (3)

**[11]**

6.

**Mbandlwa** :Namuhla olwamanqamu. Imilomo yoDlamini izovaleka ngoba abantu bazokhuluma njengoba bakhuluma mhlazane bevota.

**Duma** :Akukho okunye. Namuhla kunamuhla. Uyabona leli kilasi sengathi lizoba yinkinga ngenxa yobuningi babantu abazofika bezothamela lo mhlangano. Phela thina asizile ukuzoqoqa imali yabantu kodwa sizobanika isihlonti abantu.

**Mbandlwa** :Akusona nesihlonti kodwa yilanga. Mina intuthuko ngiyifanisa nelanga lona eliphuma maqede kujabule yonke into esemhlabeni. Ngisho nalabo abangamazisi uJehova kodwa bayajabula. Kanjalo nalapha kule ndawo labo abebengayingeni eyakho bazothokoza maqede bayingene shiqe! Ngempela bazokuthanda. Uqale kahle impela. Uyabona eyamanzi ingungqa phambili.

**Duma** :Umuhle wena ngoba uphila ngethemba. Nomuntu osondelene nawe uyakhuthazeka.

**(Kuzwakale abantu behhomuzela phandle.)**

**Duma** :Mbandlwa, sebekhona abantu lapha ngaphandle. Awubatshele bangene.

**Mbandlwa** :*(asukume aqonde emnyango)* Bakwethu! Bakwethu, ngenani bo! Ikhansela selimi ngomumo.

6.1. Yini igama lesikole okubanjwe kulo lo mhlangano? (1)

6.2. Wawumhla zingaki lo mhlangano olapha ? (1)

6.3. Yimaphi la 'madimoni' uMbandlwa athandazela ukuba angabahlaseli? (1)

6.4. Kungabe isicelo sikaMbandlwa sokuvikelwa emadimonini safezeka noma cha? Fakazela impendulo yakho ngalokho okwenzeka kamuva kulo mhlangano. (3)

6.5. Ngokwazi kwakho ngubani indoda ehola la madoda azwakala ehlabelela asho neziqubulo phandle? (1)

6.6. Yiziphi izinto **ezimbili** ezazibonwa uShandu noDlamini zizimbi ngale ntuthuko eyayizolethwa uDuma kulo mphakathi. (2)

**[9]**

7. Phendula ngokuthi **IQINISO** noma **IPHUTHA**

7.1. Kubo kaMaShezi kuseMlazi. (1)

7.2. UMbandlwa ungunobhala kaDuma. (1)

7.3. UMaNgema ungumhlengikazi ngokomsebenzi. (1)

7.4. UMbandlwa wavulela uDlamini icala lokushaya. (1)

8. Phendula ngegama elilodwa.

8.1. Sithini isithakazelo sakwaDlamini esisithola endabeni? (1)

8.2. UMaShezi noDuma babonana befunda kusiphi isikole? (1)

8.3. Isibongo sommeli wenkosi uShandu u....... (1)

**[3]**

**ISAMBA SESIQEPHU B : 50**

**ISAMBA SEPHEPHA LONKE: 100**